



# **IMANUWALI YE-PAIA**

**Ilungiswe ngokweSahluko se-14  
soMthetho WokuqhubeKisela Phambili  
Ukufinyeleleka Kolwazi wesi-2 wonyaka  
we-2000 (njengoba uchitshiyelwe)**

**USUKU LOKWAKHIWA: 26/10/2021  
USUKU  
LOKUBUYEKEZWA:13/12/2022**

## Okuqukethwe

1.	UHLU LAMA-AKHRONIMI KANYE NEZIFINGQO.....	3
2.	INHLOSO YEMANUWALI YE-PAIA .....	3
3.	UKUSUNGULWA KWESIPHATHIMANDLA KWESIPHATHIMANDLA SASENINGIZIMU AFRIKA SOKUFANELEKA KWEZEMFUND.....	5
3.1.	Izinhloso/Ukgunyazwa.....	5
4.	UKWAKHEKA NEMISEBENZI YE-SAQA.....	7
4.1.	Ukwakheka .....	7
4.2	Imisebenzi.....	13
5.	INCAZELO YAZO ZONKE IZIXAZULULO EZITHOLAKALAYO MAYELANA NOKWENZA NOMA UKWEHLULEKA UKWENZA KWE-SAQA.....	17
6.	UMHLAHLANDLELA NGOKUTHI ISETSHENZISWA KANJANI I-PAIA KANYE NOKUTHI KUTHOLAKALA KANJANI UKUFINYELELEKA KUMHLAHLANDLELA.....	18
7.	INCAZELO YEZIHLOKO I-SAQA EGCINA NGAZO AMAREKHODI KANYE NEZINHLA ZAMAREKHODI AGCINWE YI-SAQA.....	20
8.	IZIGABA ZAMAREKHODI E-SAQA ATHOLAKALA NGAPHANDLE KOKUBA UMUNTU AFAKE ISICELO SOKUFIKELELEKA. ....	22
9.	AMAREKHODI ATHOLAKALA NGOKUZENZAKALELAYO KWI-WEBSITE YAKWA-SAQA NGAPHANDLE KOKUBA UMUNTU ENZE ISICELO SOKUFINYELELEKA KUWO NGOKOMTHETHO NGAPHANDLE KWE-PAIA.....	24
10.	IZINSIZAKALO EZITHOLWA AMALUNGU OMPHAKATHI EZIVELA KWA-SAQA KANYE NOKUTHI UNGAFINYELELEKA KANJANI KULEZO ZINSIZAKALO .....	25
11.	UKUBANDAKANYWA KOMPHAKATHI EKWAKHIWENI KWENQUBOMGOMO NOMA UKUSEBENZISA AMADLA NOMA UKWENZA IMISEBENZI YE-SAQA. ....	26
12.	UKUSETSHENZWA KOLWAZI LOMUNTU SIQU .....	26
12.1	Inhloso Yokucubungula .....	26
12.5	INcazelo Ejwayelekile Yezinyathelo Zokuvikeleka Kolwazi okufanele zisetshenziswe yingxene ebophezelekile ukuze kuqinisekiswe ukugcinwa ubumfihlo, ubuqotho kanye nokutholakala kolwazi. ....	29
13.	UKUTHOLAKALA KWEMANUWALI.....	30
14.	UKUFAKWA KOLWAZI OLUSHA KUMANUWALI.....	31
	Ikhishwe ngu.....	31

## 1. UHLU LAMA-AKHRONIMI KANYE NEZIFINGQO

- |     |                                     |   |
|-----|-------------------------------------|---|
| 1.1 | <b>“u-CEO”</b>                      | IsiKhulu Esingumphathi Omkhulu  |
| 1.2 | <b>“u-DIO”</b>                      | uSekela-Mgcinilwazi   |
| 1.3 | <b>“u-IO”</b>                       | uMgcinilwazi;   |
| 1.4 | <b>“uNgqongqoshe”</b><br>Kwezimilo; | uNgqongqoshe Wezobulungiswa Nezokuhlunyeleliswa   |
| 1.5 | <b>“i-PAIA”</b>                     | UMthetho Wokufinyeleleka Kolwazi wesi-2 wonyaka we-2000 (njengoba uChitshiyelwe);               |
| 1.6 | <b>“i-PFMA”</b>                     | UMthetho Wokuphathwa Kwezimali<br>Zomphakathi woku-1 wonyaka we-1999<br>njengoba uChitshiyelwe; |
| 1.7 | <b>“i-POPIA”</b><br>we-2013);       | UMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lomuntu Siqu wesi-4 wonyaka  |
| 1.8 | <b>“uMlawuli”</b>                   | uMlawuli Wolwazi; kanye   |
| 1.9 | <b>“ne-SAQA”</b><br>Kwezemfundo     | IsiPhathimandla SaseNingizimu Afrika Sokufaneleka   |

## 2. INHLOSO YEMANUWALI YE-PAIA

Le Manuwali ye-PAIA iwusizo emphakathini:

- 2.1 ukuhlola uhlobo lwamarekhodi okungenzeka ukuthi asevele akhona kwisiPhathimandla SaseNingizimu Afrika Sokufaneleka Kwezemfundo (i-SAQA), ngaphandle kwesidingo sokufaka isicelo esisemthethweni se-PAIA;
- 2.2 ukuba nokuqonda ukuthi usenza kanjani isicelo sokufinyelela kwirekhodi le-SAQA;
- 2.3 ukufinyelela yonke imininingwane yokuxhumana efanele yabantu abazosiza

umphakathi ngamarekhodi ofuna ukufinyeleleka kuwo;

- 2.4 ukwazi zonke izisombululo ezitholakala kwa-SAQA mayelana nesicelo sokufinyeleleka kumarekhodi, ngaphambi kokuya kuMlawuli noma ezinkantolo;
- 2.5 ngencazelo yezinsizakalo ezitholwa amalungu omphakathi ezivela kwa-SAQA, kanye nendlela yokuthola lezo zinsizakalo;
- 2.6 ngencazelo yomhlahlandela wokuthi isetshenziswa kanjani i-PAIA, njengoba ubuyekezwe nguMlawuli nokuthi ungayithola kanjani ukufinyelela kuwo;
- 2.7 uma umgwamanda uzocubungula ulwazi lomuntu siqu, inhoso yokucubungula ulwazi lomuntu siqu kanye nencazelo yezigaba zezihloko zemininingo kanye nolwazi noma izigaba zolwazi oluhlobene nazo;
- 2.8 ukwazi ukuthi ingabe i-SAQA ihlele ukudlulisa noma ukucubungula ulwazi lomuntu siqu ngaphandle kweRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika kanye nabamukeli noma izigaba zabamukeli ulwazi lomuntu siqu olunganikezwa bona; futhi
- 2.9 ukwazi ukuthi ngabe i-SAQA inazo yini izinyathelo zokuphepha ezifanele zokuqinisekisa ubumfihlo, ubuqotho kanye nokutholakala kolwazi lomuntu siqu okufanele lusetshenzwe.

### **3. UKUSUNGULWA KWESIPHATHIMANDLA KWESIPHATHIMANDLA SASENINGIZIMU AFRIKA SOKUFANELEKA KWEZEMFUNDU**

IsiPhathimandla SaseNingizimu Afrika Sokufaneleka Kwezemfundo (i-SAQA) iyinhlangano esemthethweni eyasungulwa ngokoMthetho WesiPhathimandla SaseNingizimu Afrika Sokufaneleka Kwezemfundo saseNingizimu Afrika wama-58 wonyaka we-1995 (uMthetho we-SAQA) futhi iqhubeka ngaphansi koMthetho Wohlaka Lweziqu Lukazwelonek wama-67 wonyaka we-2008 njengoba uchitshiyelwe (uMthetho we-NQF).

#### **3.1. Izinhoso/Ukugunyazwa**

3.1.1 Izinhoso ze-NQF ngokwesahluko sesi-5 soMthetho we-NQF yilezi—

3.1.1.1 ukwakha uhlaka olulodwa lukazwelonek oludidiyelayo lwempumelelo yokufunda;

3.1.1.2 kwenza kube lula ukufinyelela, ukuhamba kanye nenqubekela phambili

ngaphakathi emigudwini yezemfundo, ukuqeqeshwa nomsebenzi;

- 3.1.1.3 ukuthuthukisa ikhwalithi yemfundo nokuqeleshwa; kanye
- 3.1.1.4 ukusheshisa ukulungiswa kokucwasa okwedlule okungafanele kwezemfundo, ukuqeleshwa kanye nakumathuba omsebenzi.
- 3.1.2 Izinhoso ze-NQF zenzelwe ukuba negalelo ekuthuthukisweni ngokuphelele komfundi ngamunye kanye nakwintuthuko yezenhlalakahle nonomnotho wesizwe sonkana.
- 3.1.3 I-SAQA kanye neMikhandlu Yekhwalithi (ama-QC) bafanele bafune ukufeza izinhoso ze-NQF—
- 3.1.3.1 ngokuthuthukisa, ukugxilisa kanye nokugcina uhlaka lukazwelone oludidiyelayo nolusobala ukuze kwamukelwe impumelelo yokufunda;
- 3.1.3.2 ukuqinisekisa ukuthi iziqu zaseNingizimu Afrika zifeza indlela efanele, enqunywe nguNgqongqoshe woMnyango Wezemfundo Ephakeme, Isayensi Nokusungulwa njengoba kulindelwe kwisahluko sesi-8 soMthetho we-NQF, futhi nokuthi ziyaqhathaniswa nezamazwe ngamazwe; kanye
- 3.1.3.3 nokuqinisekisa ukuthi iziqu zaseNingizimu Afrika ziyikhwalithi eyamukelekile.

#### **4. UKWAKHEKA NEMISEBENZI YE-SAQA**

##### **4.1. Ukwakheka**

###### **4.1.1 Ibhodi le-SAQA**

Ibhodi le-SAQA (ibhodi) lakiwe amalungu ayi-12 (ishumi nambili) aqokwe ngokwezikhundla zawo nguNgqongqoshe Wezemfundo Ephakeme, Isayensi Nokusungula. Amalungu aqokwe okusetshenziswana naabo kuzwelone abahlonziwe kwezemfundo nokuqeleshwa. Ibhodi liyisigungu esengamele esifeza igunya le-SAQA. Ibhodi selakhe amakomiti ngokweSahluko se-16 soMthetho we-NQF. Njengamanje kunamakomiti ayi-7 okuyilawa:

-Ucwaningo Mabhuku Nengozi

-Izikhulu Eziphetho

-Ubuchwepheshe bolwazi Nolwazi

-Iziyu ze-NQF

- Imigwamanda Yobungcweti
- IKomidi Lezikhalazo Lomgwamanda Wobungcweti
- IKomidi Lezikhalazo Zeziq Zikazwelone Nezamazwe Angaphandle

#### 4.1.2 Izikhulu zezinhlangano

##### 4.1.2.1 IsiKhulu Esingumphathi Omkhulu (u-CEO)

U-CEO we-SAQA iqokwa yibhodi ngokwesahluko se-19 soMthetho we-NQF. U-CEO uqashwe yi-SAQA kodwa uboshezelwe ebhodini ukwenza imisebenzi ye-SAQA ngokoMthetho we-NQF. Imisebenzi ye-CEO ichazwe eSahlukweni sama-20 soMthetho we-NQF futhi ibandakanya phakathi kokunye ukwaba izibopho kanye nokwengamela abasebenzi be-SAQA. U-CEO unomthwalo wokuhlongoza isu ebhodini futhi unesibopho sokusetshenziswa kwesu, izinqubomgomu kanye nezinye izinqumo ezamukelwe zebhodi. I-CEO imele imisebenzi yokuqhube i-SAQA ukuze ihlangabezane nezinjongo zayo zamasu futhi inomthwalo wemfanelo jikelele wokuphatha izindaba zayo zansuku zonke, ngokusekelwe kwiziphathimandla ezijutshwe yibhodi.

##### 4.1.2.2 Izikhulu Eziphethe

I-SAQA inezikhulu eziphethe ezimbili ezeseka u-CEO futhi zengamele umsebenzi wamaGathsha ama-2. Ibhodi liqoka isiKhulu Esingumphathi Omkhulu Wezimali (u-CFO) futhi libamba iqhaza ekuqashweni koMphathi Wemisebenzi Nokwenganyelwa (u-COO).

##### 4.1.2.3 Abaphathi Abakhulu Nabaphathi

Kunabaphathi abakhulu abayi-7 (isikhobisa) abaqokwe ukuba baphathe amayunithi (bheka i-Oganogramu ngezansi) e-SAQA. Abaphathi abakhulu ababili (2) babika ku-CEO, abaphathi abakhulu aba-3 (abathathu) babika ku-COO futhi abaphathi abakhulu aba-2 (ababili) babika ku-CFO. Abaphathi abayisikhombisa (7) babika ngqo kubaphathi abakhulu abafanelekile abaphethe aMayunithi abo kanye nomphathi oyedwa obika ngokuqondile ku-COO, abaphathi ababili babika ngqo ku-

CFO kanye nomphathi oyedwa obika ngqo ku-CEO.

#### 4.1.2.4 Abasebenzi be-SAQA

Abasebenzi be-SAQA bangena ngaphansi kwala maYuniti alandelayo:

##### 4.1.2.4.1 Ukwengamela, Ingozi, Ukuthotshelwa Komthetho Nezomthetho

Ukwengamela kanye nokwenganyelwa kwengozi

- Ukwakhiwa kwamasu, ukubika kanye nokuqapha  
ukusebenza kanye nokuhlolola
- Ukweleuleka kwezomthetho nokusekelwa
- **Ukuthotshelwa kokusetshenzisa nokuqashwa**

##### 4.1.2.4.2 Ukubhalisa kanye Nokwamukelwa

- Ukubhalisa iziqu kanye nengxene yeziyu
- Ukwamukelwa kwemigwamandabyolwazi; kanye
- Nokubhaliswa amagama ezikhundla zolwazi

##### 4.1.2.4.3 Izinsizakalo Zokuqinisekisa Nokuqinisekisa

- Ukuhlola iziqu zakwamanye amazwe;
- Ukuqinisekisa iziqu zikazwelone; kanye
- Nokuhlonza kanye nokubika ngeziyu ezethulwe kabi

##### 4.1.2.4.4 Ucwaningo

- Ukwesekwa Kocwaningo lwe-NQF

##### 4.1.2.4.5 Ubuchwepheshe Bokuxhumana Ngolwazi (i-ICT) kanye Nezinhlelo Zolwazi Lwe-NQF (i-MIS)

- **Ukugcina isiZindalwazi Sikazwelone Samarekhodi Abafundi; kanye**

- Nokusekelwa okujwayelekile kwe-ICT


#### **4.1.2.4.6 Ukuphathwa Kwezezimali kanye Nokuphathwa Kweketanga Lokuthenga**

- - Ukwensiwa kwemisebenzi ebekwe eNgxenyeni yesi-2 yeSiqhephu sesi-6  
soMthetho Wokuphathwa Kwezimali;
- Ukusekelwa Okujwayelekile Kwezezimali
- Ukuphathwa kweketanga lokuthenga; kanye
- Nokusekelwa kwezinsiza

#### **4.1.2.4.7 Ukuphathwa kwabantu**

- Ukuphathwa Kwezabasebenzi
- Ukuqeqeshwa nokuthuthukiswa
- Ukuphathwa kobudlelwa babaqashi nabasebenzi
- Ukubuthwa
- Ukunxeshezelwa nemihlomulo yabasebenzi

#### 4.1.3 I-OGANOGRAMU YE-SAQA



## **4.2 Imisebenzi**

4.2.1 I-SAQA ifanele, ukuze iqhubekisele phambili izinhloso ze-NQF:

4.2.1.1 Yenze imisebenzi yayo ngokoMthetho we-NQF; futhi yengamele ukusetshenziswa kwe-NQF futhi iqinisekise ukufezekiswa kwezinhloso zayo;

4.2.1.2 Yeluleke uNgqongqoshe Wezemfundo Ephakeme, iSayensi Nokusungula ngemidanti ye-NQF ngokwalo Mthetho;

4.2.1.3 Ukuthobela inqubomgommo enqunywe nguNgqongqoshe Wezemfundo Ephakeme, iSayensi Nokusungula ngokwesahluko sesi-8(2)(b) soMthetho we-NQF;

4.2.1.4 Icubungula imihlahlandlela kaNgqongqoshe Wezemfundo Ephakeme, iSayensi Nokusungula elindelwe esahlukweni sesi-8(2)(c) soMthetho we-NQF;

4.2.1.5 Ukwengamela ukuqaliswa kwe-NQF ngokuhambisana nohlaka lokusetshenziswa olulungiswe yi-SAQA ngemuva kokubonisana nama-QC;

4.2.1.6 Yakha uhlelo lokusebenzisana ukuze luqondise ubudlelwano obufanayo be-SAQA kanye nama-QC, ngemuva kokubonisana nama-QC futhi kubhekwa izinhloso ze-SAQA ezilindelwe kwisahluko se-11 kanye nezimiso ezilindelwe esahlukweni sama-33 soMthetho we-NQF; futhi ixazulule izingxabano mayelana nama-QC;

4.2.1.7 Maqondana namazinga—

4.2.1.7.1 ukwakha okuqukethwe yizincavelo zamazinga ngezinga ngalinye le-NQF;

4.2.1.7.2 futhi ifinyelele esivumelwaneni nama-QC ngokuqukethwe;

4.2.1.7.3 ishicilela kwiGazethi izincavelo zezinga okuvunyelwene ngazo; futhi

4.2.1.7.4 iqinisekise ukuthi zihlala zingezamanje futhi zifanelekile;

4.2.1.8 Mayelana neziq—

4.2.1.8.1 Yakha futhi isebeenzise inqubomgommo kanye nendlela

esetshenziswayo, ngemuva kokubonisana nama-QC, ukuze kuthuthukiswe, kubhaliswe futhi kushicilelwiziqu kanye nezingxenye zeziq, okufanele zibandakanye izidingo ezilandelayo:

- 4.2.1.8.2 Uhlakana olufanele lufanele luhlonzwe kunanoma yimuphi umbhalo ohlobene nokubhaliswa nokushicilelwiziqu noma kwengxenye yeziq; futhi
- 4.2.1.8.3 Uhlakana ngalunye lufanele lukhethe agama ahlukile ezinhlobo zalo zeziq ezifanele uhlakana futhi luhambisane nemikhuba yakwamanye amazwe:
- 4.2.1.8.4 ibhalisa iziqu noma ingxenye yeziq ezinconyewe yi-QC uma zifeza indlela esetshenziswayo efanele;;
- 4.2.1.8.5 ithuthukisa inqubomgommo kanye nendlela esetshenziswayo, ngemuva kokubonisana nama-QC, ukuze kuhlowlwe, kwamukelwe ukufunda kwangaphambilini futhi kuqokelelwiziqu kudluliselwe amakhredithi;

**4.2.1.9 Mayelana nemigwamanda yobungcweti—**

- 4.2.1.9.1 ithuthukisa futhi isebebenzise inqubomgommo kanye nezindlela ezisthenziswayi zokwamukela uhlaka lobungcweti kanye nokubhalisa kwezikhundla zobungcweti ngezhinloso zalo Mthetho, ngemuva kokubonisana nemigwanda esemthethweni nengeyona eyomthetho yabasebenzi abangongoti emikhakheni yezemisebenzi kanye nama-QC;
- 4.2.1.9.2 ukwamukela umgwamanda wobungcweti futhi nokubhalisa kwezikhundla zobungcweti zaho uma indlela esetshenziswayo ifeziwe esigatshaneni (i);

**4.2.1.10 Mayelana nobudlelwano bamazwe ngamazwe—**

- 4.2.1.10.1 ukusebenzisana nozakwabo bakwamanye amazwe ngayo yonke imidanti ezuzisa bonke mayelana nezinhlaka zeziq; futhi
- 4.2.1.10.2 ukwazisa ama-QC kanye nezinye izinhlangano

ezinentshisekelo mayelana nokwenziwayo kwamazwe ngamazwe ekuthuthukisweni nasekuphathweni kwezinhlaka zeziq;

4.2.1.11 Mayelana nocwaningo—

4.2.1.11.1 yenza noma igunyaza uphenyo ngemidanti ebalulekile ekuthuthukisweni nasekusetshenzisweni kwe-NQF, okubandakanya ucwaningo lwezikhathi ezithile zomthelela we-NQF kwezemfundo, ukuqequesha kanye nokuqashwa kwaseNingizimu Afrika; futhi

4.2.1.11.2 ishicilela okutholwe uphenyo;

4.2.1.12 Maqondana namarekhodi emfundo nokuqequesha, kugcinwa kwesizindalwazi samarekhodi kazwelonke abafundi abandakanya amarejista eziq zikazwelonke, engxene yeziq, impumelelo yabafundi, izinhlangano ezhlonishwayo zobungcweti, izikhundla zobungcweti nolwazi oluhlobene nazo;

4.2.1.13 Maqondana neziq zakwamanye amazwe, ihlinzeka ngokuhlolwa kanye nosizo lokweluleka oluambisana nalo Mthetho; futhi

4.2.1.14 Mayelana neminye imidanti—

4.2.1.14.1 yazisa umphakathi nge-NQF;

4.2.1.14.2 yenza nanoma yimuphi omunye umsebenzi odingwa yilo Mthetho; futhi

4.2.1.14.3 yenza nanoma yimuphi umsebenzi ohambisana nalo Mthetho kanye nanoma yiziphi izichibiyelo zawo ezinganqunywa uNgqongqoshe Wezemfundo Ephakeme, Isayensi Nokusungula.

IMINININGWANE YOKUXHUMANA EBALULEKILE YOKUFIKELELEKA KOLWAZI LWE-SAQA

**UMgcinilwazi Omkhulu:**

Igama: **UNks Nadia Starr**

Ucingo: I- **012 431 5003**

I-imeyili: **nstarr@saqa.co.za**

Inombolo  
yefeksi: **N/A**

**USekela-Mgcinilwazi**

Igama: **UMnu. Japie Nel**

Ucingo: **012 431 5006**

I-imeyili: **JNel@saqa.co.za**

Inombolo yefeksi: **N/A**

Igama: **UNks. Phumzile Mtsweni**

Ucingo: **012 431 5066**

I-imeyili: **PMtsweni@saqa.co.za**

Inombolo yefeksi: **N/A**

Igama: **UMmeli. Patience Matinyenya**

Ucingo: **012 431 5013**

I-imeyili: **pmatinyenya@saqa.co.za**

Inombolo yefeksi: **N/A**

Ukufinyelelela kwalabo okuxhunywana nabo abajwayelekile

I-imeyili: **saqasecretariat@saqa.co.za**

**Ihhovisi Likazwelonke/Ikomkhulu**

Ikheli Leposi: Postnet Suite 248, Private Bag X06; Waterkloof, 0145

Ikheli Lendawo: SAQA House, 1067 Arcadia Street, Hatfield, 0083, Tshwane

Ucingo: (012) 431-5000

I-imayili: saqainfo@saqa.org.za

I-website: <https://www.saqa.org.za>

**5. INCAZELO YAZO ZONKE IZIXAZULULO EZITHOLAKALAYO MAYELANA  
NOKWENZA NOMA UKWEHLULEKA UKWENZA KWE-SAQA.**

5.1 Izixazululo ezitholakalayo maqondana nokwenza noma ukwehluleka ukwenza ngokomthetho yi-SAQA zinjengoba zilandela:

5.1.1 Ukukhalaza kwangaphakathi,

Kulandela inqubo yezikhala noma yokudlulisa izikhala ebekwe kuzinqubomgomu nemibandela eyahlukene esebezena emisebenzini ye-SAQA etholakala kuzinqubomgomu ekuxhumaneni okulandelayo.

kanye/noma

Ingxenye engeneme inelungelo lokudlulisela isikhala kusiPhathimandla Sangaphakathi esinguNgqongqoshe Wezemfundo Ephakeme, Isayensi Nokusungula. Isikhala singafakwa kungakapheli izinsuku ezingama-30 (amashumi amathathu).

kanye/noma

5.1.2 ukukhononda ku-uMlawuli Wolwazi noma kumgwamanda olawulayo

Ingxenye engeneme inelungelo lokufaka isikhala noma ngokuhamisa isikhala kuMlawuli Wolwazi.

kanye/noma

- 5.1.3      lokuya eNkantolo enegunya lokunikeza isixazululo esifanele

Ingxene engeneme ingenza isicelo enkantolo ukuze ithole isixazululo ezimweni lapho kungekho khona ukuhlonipha imibandela e-PAIA yi-SAQA.

**6. UMHLAHLANDLELA NGOKUTHI ISETSHENZISWA KANJANI I-PAIA KANYE NOKUTHI KUTHOLAKALA KANJANI UKUFINYELELEKA KUMHLAHLANDLELA**

- 6.1.    UMIlawuli, ngokwesahluko se-10(1) se-PAIA, ubuyekezwa kanye nokwenza ukuba kutholakale uMhlahlandlela obuyekeziwe ngokuthi isetshenziswa kanjani i-PAIA (“uMhlahlandlela”), ngendlela nohlobo oluqondakala kalula, njengoba kungase kudingwe umuntu ofisa ukusebenzisa nanoma yiliphi ilungelo elilindelwe kwi-PAIA kanye ne-POPIA.
- 6.2.    UMhlahlandlela utholakala ngolimi ngalunye olusemthethweni.
- 6.3.    UMhlahlandlela okukhulunywe ngawo ngenhla uqukethe incazeloye-
- 6.3.1.    zinhoso ze-PAIA kanye ne-POPIA;
- 6.3.2.    ikheli leposi nelomgwaqo, inombolo yocingo neyefeksi futhi, uma likhona, nekheli le-imeyili le-
- 6.3.2.1.    loMgcinilwazi wazo zonke izinhlaka zikahulumeni, kanye
- 6.3.2.2.    nabo bonke oSekela-Mgcinilwazi bazo zonke izinhlaka zikahulumeni nezizimele abaqokwe ngokwesahluko se-17(1) se-PAIA kanye nesahluko sama-56 se-POPIA;
- 6.3.3.    yendlela kanye nohlobo lwesticelo soku-
- 6.3.3.1.    finyeleleka kwirekhodi lohlaka lukahulumeni elindelwe esahlukweni se-113; futhi

---

nakwiSahluko se-17(1) se-PAIA- ukwenzela izinhoso ze-PAIA, uhlaka lukahulumeni ngalunye lufanele, kuya ngomthetho olawula ukuqashwa kwabasebenzi bohlaka lukahulumeni oluthintekayo, luqoke lelo nani labantu njengosekela-mgcinilwazi njengoba kudingeka ukuze kuhlinzekwe inhlaka zikahulumeni ukufinyeleleka ngokusemandleni kwabafaki izicelo kumarekhodi alo.

2 iSahluko sama-56(a) se-POPIA- Uhlaka ngalunye lukahulumeni kanye nenhlango ezimele zifanele zenze imibandela, ngendlela emisiwe esahlukweni se-17 soMthetho Wokukhuthaza Ukufinyeleleka Kolwazi, nezinguuko ezidingeckayo, ekuqokweni kwalelo nani labantu, uma bekhona, njengosekela-mgcinilwazi

*njengoba kudingeka ukuba kwenzenziwe imisebenzi nezibopho njengoba ibekwe esahlukweni sama-55(1) se-POPIA.*

*iSahluko se-11(1) se-PAIA- Umfakisicelo ufanele anikezwe ukufinyeleleka kwirekhodi lohlaka lukahulumeni uma lowo mfakisicelo ethobela zonke izidingo zenqubo kwi-PAIA eziphathelene nesicelo sokufinyeleleka kulelo rekhodi; futhi ukufinyeleleka kulelo rekhodi akwenqatshiwe ngokwanoma yisiphi isizathu sokwenqaba esihlongozwe eSahlukweni se-4 sale Ngxenye.*

6.3.3.2. nokufinyeleleka kwirekhodi lohlaka oluzimele olulindelwe esahlukweni sama-504;

6.3.4. usizo olutholakala kuMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ngokwe-PAIA kanye ne-POPIA;

6.3.5. usizo olutholakala kuMlawuli ngokwe-PAIA kanye ne-POPIA;

6.3.6. yazo zonke izixazululo ezikhona emthethweni maqondana nokwenza noma ukwehluleka ukwenza okuthile maqondana nelungelo noma umsebenzi onikeziwe noma obekwe yi-PAIA kanye ne-POPIA, kubandakanya nendlela yokufaka-

6.3.6.1. isikhhalazo sangaphakathi;

6.3.6.2. isikhhalazo kuMlawuli; futhi

6.3.6.3. nesicelo enkantolo esiphikisana nesinqumo somgcinilwazi wohlaka lukahulumeni, isinqumo sokukhalaza kwangaphakathi noma isinqumo soMlawuli noma isinqumo senhloko yenhangano ezimele;

6.3.7. imibandela yesahluko se-145 kanye nesama-516 ezidinga uhlaka lukahulumeni kanye nenhangano ezimele, ngokulandelana, ukuba zakhe imanuwali, kanye nendlela yokuthola ukufinyeleleka kumanyuwali;

6.3.8. imibandela yesahluko se-157 kanye nesama-528 ezhlinzekela ukudalulwa ngokuzithandela kwezigaba zamarekhodi ohlaka lukahulumeni kanye nenhangano ezimele, ngokulandelana;

---

4 iSahluko sama-50(1) se-PAIA- Umfakisicelo ufanele anikezwe ukufinyeleleka kumanoma yiliphi irekhodi lenhangano ezimele uma-

a) *lelo rekhodi lidingekela ukuze kusetshenziswe noma kuvikelwe nanoma yimaphi amalungelo;*  
b) *lowo muntu ethobela izidingo zenqubo kwi-PAIA eziphathelene nesicelo sokufinyeleleka kulelo rekhodi; futhi*  
c) *ukufinyeleleka kulelo rekhodi akwenqatshiwe ngokwanoma yisiphi isizathu sokwenqaba esihlongozwe eSahlukweni se-4 sale Ngxenye.*

5 iSahluko se-14(1) se-PAIA- UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ufanele, okungenani ngezilimi ezintathu ezisemthethweni, enze kutholakale imanuwali equkethe

ulwazi olusesigabeni sesi-4 ngenhla.

6 Isahluko sama-51(1) se-PAIA- Inhloko yomgwamanda ozimele ifanele yenze kutholakale imanuwali equkethe incazeloylwazi olusohlwini lwendima yesi-4 ngenhla.

7 Isahluko se-15(1) se-PAIA- UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni, ufanele enze kutholakale ngokuzenzakaleloyo ngendlela emisiwe incazeloyezigaba zamarekhodi ohlaka lukahulumeni atholakala ngaphandle kokuthi umuntu acele ukufinyeleleka

8 Isahluko sama-52(1) se-PAIA- Inhloko yenhlango eziphele, ngokuzithandela, ingenza kutholakale ngendlela emisiwe incazeloyezigaba zamarekhodi enhlangano ezimele atholakala ngokuzenzekelayo ngaphandle kokuthi umuntu afake isicelo sokufinyeleleka.

6.3.9. izaziso ezikhishwe ngokwesahluko sama-229 kanye nesama-5410  
maqondana nezimali okufanele zikhokhwe maqondana nezicelo  
zokufinyeleleka; futhi

6.3.10. nezimiso ezenziwe ngokwesahluko sama-92.11

6.4. Amalungu omphakathi angahlola noma enze amakhophi oMhlahlandlela emahhovisi ezinhlaka zikahulumeni noma ezinhlangano ezizimele, kubandakanya nehhovisi loMlawuli, ngezikhathi zokusebenza eziwayelekile. Umhlahlandlela ungatholakala-

6.4.1. ngesicelo kuMgcinilwazi;

6.4.2. kuwebhusayithi yoMlawuli (<https://www.justice.gov.za/inforeg/>).

## **7. INCAZELO YEZIHLOKO I-SAQA EGCINA NGAZO AMAREKHODI KANYE NEZINHLA ZAMAREKHODI AGCINWE YI-SAQA**

<b>Izhloko egcine ngazo amarekhodi</b>	<b>Izinhlaka zamarekhodi agcinwe ngesihloko ngasinye</b>
Uhlelo Yamasu, Izinhlelo, Izihlongozo	Imibiko Yonyaka, Uhlelo Lamasu Imibiko UHlelo Lokusebenza.
Ezabasebenzi	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Izinqubomgomonezinqubo ze-HR;</li> <li>- Amathuba emisebenzi akhangisiwe;</li> <li>- Amarekhodi abasebenzi;</li> <li>- Ukufunda nentuthuko isib: ukuthuthukiswa kwamakhono nezinhlelo zokuqequesha</li> <li>- Uhlelo lokuqashwa ngokulingana emsebenzini nezibalo</li> </ul>
Ibhodi kanye namaKomidi e-SAQA	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Izinqumo</li> <li>- Imibiko eshicilelwe</li> </ul>

9 Isahluko sama-22(1) se-PAIA- UMgciniwazi wohlaka lukahulumeni okwenziwa kuye isicelo sokufinyeleleka, ufanele ngesaziso afune ukuthi umfakisicelo akhokhe imali yesicelo emisiwe (uma ikhona), ngaphambi kokuba kuqhtshekwe nokusetshenzwa kwesicelo.

10 Isahluko sama-54(1) se-PAIA- Inhloko yenhlangano ezimele okwenziwa kuyo isicelo sokufinyeleleka ifanele ngesaziso ifune ukuthi umfakisicelo akhokhe imali emisiwe yesicelo (uma ikhona), ngaphambi kokuqhube ka nokusetshenzwa kwesicelo.

11 Isahluko sama-92(1) se-PAIA sihlinzeka ukuthi – “UNggongqoshe, ngesaziso kwiGazethi, angenza izimiso mayelana-

- (a) nanoma yiluphi udaba oludingwa noma oluvunyelwe yilo Mthetho ukuba lunqunywe;
- (b) nanoma yiluphi udaba oluphathelene nezimali ezikhokhwayo ezilindelwe kwisahluko sama-22 no-54;
- (c) nanoma yisiphi isaziso esidingwa yilo Mthetho;
- (d) indlela esetshenziswayo okufanele isetshenziswe ngumgciniwazi wohlaka lukahulumeni lapho enquma ukuthi yiziphi izigaba zamarekhodi okufanele zenziwe zitholakale ngokwesahluko se-15; futhi
- (e) nanoma yiluphi udaba lokuphatha noma lwenqubo oludingekayo ukuze kusebenze imibandela yalo Mthetho.”

Izhloko egcine ngazo amarekhodi	Izinhlaka zamarekhodi agcinwe ngesihloko ngasinye
	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Imanuwali yokwengamela</li> <li>- Amaminithi</li> </ul>
Ezezimali Nokuphathwa	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Izinqubomgomo nezinkambiso</li> <li>- Amarekhodi nemibiko yezezimali</li> </ul>
Okushicilelwe okujwayelekile	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Iqoqomthetho</li> <li>- Imibiko eshicilelwe</li> <li>- Okwakamuva kwe-SAQA</li> <li>- Izaziso ze-SAQA</li> <li>- Izinqubomgomo</li> <li>- Ukushicilelwa</li> <li>- Amaphepha ethulwa kumihlangano yokucobelelana ngolwazi/kwizinkomfa</li> </ul>
Ukubhalisa kanye Nokwamukelwa	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Imibhalo yendlela esetshenziswayo nemihlahlandela</li> <li>- Imibhalo yezinqubomgomo</li> <li>- Izaziso zeGazethi Kahulumeni</li> <li>- Ukufaneleka kwezemfundu okubhalisiwe nokufaneleka okuyingxenye</li> <li>- <b>Ukwamukelwa kwemigwamanda</b></li> <li>- <b>Ukubhaliswa kwamagama ezikhundla zolwazi</b></li> </ul>

Uhlaka Kweziqu Lukazwelonke (i-NQF MIS) isiZindalwazi Samarekhodi Abafundi (i-NLRD)	Lokufaneleka UHlelo Lokuphatha olubandakanya Sikazwelonke	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Ozakwethu Abagunyaziwe Bokuhlolwa Kwekhwalithi kanye namagama abaphathibabo</li> <li>- Abahlinzeki Bezemfundo Nokuqequesha Abagunyaziwe</li> <li>- Zonke iziqu kanye namazinga amayunithi</li> <li>- Iziqu ezibhalisiwe kanye namazinga amayunithi</li> <li>- Iziqu namazinga amayunithi asedlulwe usuku lwawo lokubhaliswa</li> <li>- Iziqu nezingxenye zeziq phakathi kwezincomo ze-QC nokubhaliswa kwe-NQF</li> <li>- <b>Ukwamukelwa kwemigwamanda</b></li> <li>- <b>Ukubhaliswa kwamagama ezikhundla zolwazi</b></li> </ul>
Ukuqinisekiswa		<ul style="list-style-type: none"> <li>- Okulotshiwe kwabafundi</li> <li>- Ukuqinisekiswa Kwenqwaba</li> </ul>

## 8. IZIGABA ZAMAREKHODI E-SAQA ATHOLAKALA NGAPHANDLE KOKUBA UMUNTU AFAKE ISICELO SOKUFIKELELEKA.

Isigaba	Uhlobo Lombhalo	Atholakala wi-website	Atholakala ngesicelo
Imibhala yamathenda	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Amathuba akhangisiwe</li> <li>- Igama lofake isicelo sethenda ophumelele</li> </ul>	X	
Iqoqomthetho/Izimiso	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Imithetho</li> <li>- Izimiso</li> </ul>	X	

Uhlelo Imibhalo Yamasu (iZinhlelo Nombiko)	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Iphrofayili Yenhlangano (Ukukha phezulu, iZinhloso, iMisebenzi, Izakhiwo)</li> <li>- Imibiko Yonyaka;</li> <li>- Uhlelo Lwamasu;</li> <li>- UHlelo Lokusebenza Lonyaka;</li> <li>- Uhlelo IziNhlelo Lokusebenza;</li> </ul>	X	
Izinqubomgommo Nendlela Esetshenziswayo	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Izinqubomgommo Zikazwelonke</li> <li>- Izinqubomgommo Zezikhalazo</li> <li>- Izinhlaka</li> </ul>	X	
Imihlahlandlela	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Uhlu lokuhlolola ukwengamela</li> <li>- Imihlahlandlela emayelana ne-NQF</li> <li>- Imihlahlandlela yokuhlolola okubandakanyayo</li> </ul>	X	
Izaziso	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Izimemo zokufaka isicelo sokusebenza emakomitini eBhodi</li> <li>- Izimemo zokuphawula komphakathi</li> <li>- Izaziso zezimali ezikhokhwayo</li> </ul>	X	
Izaziso ze-SAQA Okwakamuva kwe-SAQA	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Amanyuziletha</li> </ul>	X	
Izinqubo Zemicimbi Nezingqungquthela	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Ama-Webinars azayo nadlule</li> <li>- Izinkulumo Zezikhumbuзо ezizayo nezidlule</li> </ul>	X	

Isigaba	Uhlobo Lombhalo	Atholakala kwi-website	Atholakala ngesicelo
	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Imihlangano Nezinkomfa</li> <li>Ezizayo Nezedlule</li> </ul>		
Amaphepha ocwaningo	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Izibonelo</li> <li>- Amaphepha</li> <li>- Imibiko</li> </ul>	X	
Amamanuwali Okubukwa Kuwo	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Imihlahlandlela</li> <li>- Amanuwali</li> </ul>	X	
Lokufaneleka	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Zonke iziqu kanye namazinga amayunithi (ngaphandle kokufaneleka kwezemfundo okubekwe ohlwini)</li> <li>- Iziyu ezibhalisiwe kanye namazinga amayunithi (ngaphandle kokufaneleka kwezemfundo okubekwe ohlwini)</li> <li>- Iziyu namazinga amayunithi asedlulwe usuku lwawo lokubhaliswa</li> <li>- Imigwamanda Yongcweti kanye Nezikhundla Zemisebenzi</li> </ul>	X	

**9. AMAREKHODI ATHOLAKALA NGOKUZENZAKALELAYO KWI-WEBSITE YAKWA-SAQA NGAPHANDLE KOKUBA UMUNTU ENZE ISICELO SOKUFINYELELEKA  
KUWO NGOKOMTHETHO NGAPHANDLE KWE-PAIA**

Iqoqomthetho	Amarekhodi atholakala ngokomthetho ngaphandle kwe-PAIA atholakala ngokuzenzakalelayo kwi-website ngaphandle kwesicelo:
UMthetho Wohlaka Lukazwelone Lweziyu wonyaka we-2008	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Zonke iziqu kanye namazinga amayunithi (ngaphandle kokufaneleka kwezemfundo okubekwe ohlwini)</li> </ul>

	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Iziqu ezibhalisiwe kanye namazinga amayunithi (ngaphandle kokufaneleka kwezemfundo okubekwe ohlwini)</li> <li>- Iziqu namazinga amayunithi asedlulwe usuku Iwawo lokubhaliswa</li> <li>- Imigwamanda Yongcweti kanye Nezikhundla Zemisebenzi</li> <li>- Izinqubomgommo Zikazwelonke</li> <li>- Izinqubomgommo Zezikhalazo</li> <li>- Izinhlaka</li> <li>- Imihlahlandlela</li> <li>- Amaphepha ocwaningo ashicilelwe</li> </ul>
UMthetho Wokulingana Emsebenzini wonyaka we-1998	<ul style="list-style-type: none"> <li>- UMBiko Wokulingana Emsebenzini</li> </ul>
UMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi kanye Nezimiso Zomgcinisikhwama	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Umbiko Wonyaka Obandakanyayo</li> <li>- UHlelo Lokusebenza Lonyaka</li> <li>- Amathuba akhangisiwe</li> <li>- Igama lofake isicelo sethenda ophumelele</li> </ul>
Izimiso Zomsebenzi Kahulumeni kanye Nezimiso Zomgcinisikhwama	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Uhlelo Lwamasu</li> </ul>

## **10. IZINSIZAKALO EZITHOLWA AMALUNGU OMPHAKATHI EZIVELA KWA-SAQA KANYE NOKUTHI UNGAFINYELELEKA KANJANI KULEZO ZINSIZAKALO**

### **10.1 Amandla, izibopho kanye nomsebenzi**

I-SAQA inikezelala ngezinsizakalo ezilandelayo emphakathini:

10.1.1      Ukuhlolwa kweziqu zemfundo yamazwe angaphandle ukuze kuunywe ngokulingana kwazo eNingizimu Afrika;

10.1.2      Ukubhaliswa Nokwamukelwa (i-RR) inomthwalo ngemfanelo wokuhlola kwezicelo zokwakamukelwa kwemigwamanda yobungcweti kanye nowokucubungula izicelo zokwamukelwa kwemigwamanda

**yobungcweti**

neyezikhundla zobungcweti;

- 10.1.3 Izinsizakalo Zokuqinisekisa kwe-SAQA zihlinzeka ngemibhalo yokuphunyelelwe kusukela kusiZindalwazi Sikazwelonke Samarekhodi Abafundi ukuya kubantu ngabanye kanye nezinsizakalo emphakathini nakuzinhlangano ezizimele;**

- 10.1.4 I-NLRD iqukethe ulwazi mayelana:**

- 10.1.4.1 Iziqu kanye nezingxenezeziq ezibhaliswe kwi-NQF;**
- 10.1.4.2 Ozakwethu Abagunyaziwe Bokuhlolwa Kwekhwalithi;**
- 10.1.4.3 Abahlinzeki Bezemfundo Nokuqequesha Abagunyaziwe;**
- 10.1.4.4 Abafundi ngabanye kanye nempumelelo yabo;**
- 10.1.4.5 Amagama amalungu eBhodi le-SAQA, kanye Nabaphathi;**

Ulwazi oluthe xaxa ngalezi zinsizakalo lungatholakala kuwebhusayithi ye-SAQA ([www.saqa.org.za](http://www.saqa.org.za)). Imibuzo ingathunyelwa nge-imeyili ku-saqainfo@saqa.org.za noma ngokushayela ucingo ku-(012) 431-5000.

## **11 UKUBANDAKANYWA KOMPHAKATHI EKWAKHIWENI KWENQUBOMGOMO NOMA UKUSEBENZISA AMADLA NOMA UKWENZA IMISEBENZI YE-SAQA.**

Amalungu omphakathi angabamba iqhaza ekwakhiweni kwenqubomgomo ngokunikeza imibono lapho izaziso zezememo zikhishwa kuwebhusayothi ye-SAQA. Ikheli le-imeyili lokuxhumana lapho imibono ingathunyelwa khona izonikezwa ngesaziso esifanele. Amalungu omphakathi ayacelwa ukuthi ahlole iwebhusayithi ye-SAQA njalo:  
<https://www.saqa.org.za/documents/notices>

## **12 UKUSETSHENZWA KOLWAZI LOMUNTU SIQU**

### **12.1 Inhoso Yokucubungula**

I-SAQA iqoqekelela futhi icubungule uLwazi Lomuntu Siqu, ngokwegunya leSahluko se-13 soMthetho we-NQF wonyaka we-2008, njengoba uchitshiyelelwe, phakathi kokunye lezi zinhoso ezilandelayo:

- 12.1.1 Ukufakwa kwemininingo oHlelweni Lukazweloneke Lohlaka Lokupathwa Kweziq (i-NQF MIS) olubandakanya isiZindalwazi Sikazweloneke Samarekhodi Abafundi (i-NLRD);
- 12.1.2 Ukuqinisekiswa kokuphunyelela kweziq;
- 12.1.3 Ukuhlolwa kweziq zakwamanye amazwe;
- 12.1.4 Ukubhaliswa kweziq kanye nezingxenye zeziq;
- 12.1.5 Ukwamukelwa kwemigwamanda yobungcweti kanye nokubhaliswa kwezikhundla zobungcweti;
- 12.1.6 Ukwenza Ucwaningo noma ngezinhloso zezibalo.

**12.2 Incazeloyezigaba Zezihloko Zeminingo kanye nolwazi noma izigaba zolwazi oluhlobene nakho**

Izigaba Zezihloko Zeminingo	Ulwazi Lobuntu Siqu olungase Lucutshungulwe
Abantu Ngokwemvelo	Amagama nesibongo; imininingwane yokuxhumana (izinombolo zokuxhumana), inombolo yefeksi, ikheli le-imeyili); Ikheli lendawo yokuhlala, leposi noma lebhizinisi; Inombolo Yokwazisa/Inombolo kamazisi nezincwadi eziyimfihlo , ulwazi lwezemfundo, iziqu, umlando ngokomsebenzi, uhlanga, ubulili, ubuzwe, ukuziphatha kobugebengu, iminyaka yobudala.
Abantu Ngokomthetho	Amagama abantu okuxhunyanwa nabo; Igama lebhizinisi elisemthethweni; ikheli lendawo kanye neleposi; imininingwane yokuxhumana (izinombolo zokuxhumana), inombolo yefeksi, ikheli le-imeyili); inombolo yokubhaliswa; ulwazi lwezezimali, lwezohwebo, ljesayensi noma lobuchwepheshe kanye nezimfihlo zohwebo.

Abasebenzi	Ubulili, Ukukhulelwa; isimo somshado; ubuhlanga; iminyaka yobudala, ulimi, ulwazi Iwezemfundo (iziqu);
------------	--

Izigaba Zezihloko Zemininingo	Ulwazi Lobuntu Siqu olungase Lucutshungulwe
	Ubulili, ukukhulelwa; isimo somshado; Iminyaka yobudala yohlanga, ulimi, ulwazi Iwezemfundo (iziqu); ulwazi Iwezezimali; umlando ngokomsebenzi; inombolo kamazisi; ikheli lendawo kanye neleposi; imininingwane yokuxhumana(izinombolo zokuxhumana), inombolo yefeksi, ikheli le-imeyili); ukuziphatha kobugebengu; inhlalakahle nezihlobo zabo (amalungu omndeni) uhlanga, ukwelashwa, ubulili, ubuzwe, uhlanga noma inhlalo, ukukhetha ubulili, ubudala, impilo ngokomzimba noma ngokwengqondo, inhlalakahle, ukukhubazeka, inkolo, unembeza, inkolelo, isiko, ulimi , ulwazi Iweminwe (Iwebhayomethrikhi) yomuntu.

### 12.3 Abamukeli noma izigaba zabamukeli abanganikezwa ulwazi lomuntu siqu

Isigaba solwazi lomuntu siqu	Abamukeli noma Izigaba Zabamukeli
Inombolo kamazisi namagama, ukwenzela ukhlolelwa ubugebengu	Amaphoyisa aseNingizimu Afrika Iminyango kahulumeni Izikhungo Zesahluko sesi-9

Iziyu, ukwenzela ukuqinisekiswa kweziyu	<ul style="list-style-type: none"> <li>Imikhandlu Yekhwalithi</li> <li>Emigwamanda Yolwazi</li> <li>Izikhungo Zocwaningo</li> <li>Iminyango kahulumeni</li> <li>Uhlaka lukahulumeni</li> <li>Izikhungo Zesahluko sesi-9</li> <li>Imigwamanda yobungcweti</li> <li>Amafemu ezomthetho</li> <li>Abaqashi bomkhakha</li> <li>ngabanye blangasese</li> <li>Amaphoyisa aseNingizimu</li> <li>Afrika</li> </ul>
Umlando wezikweletu nokukhokha, ukuze kutholwe ulwazi lwezikweletu	Izikhungo Ezibheka Abanezikweletu

## 12.4 Ukuhamba Okuhleliwe Okunqamula Imingcele kolwazi lomuntu siqu

- 12.4.1 I-SAQA ingase ibambisane nozakwabo bakwamanye amazwe ngemidanti yentshisekelo efanayo mayelana nezinhlaka zeziyu futhi ngokwenza kanjalo yabelane ngolwazi lomuntu siqu. Ukusebenzisana okunjengalokhu kuyingxene ye gunya le-SAQA ngokwesahluko se-13(1)(j) soMthetho we-NQF.
- 12.4.2 I-SAQA iphinde ithole izicelo zokuhlolwa kweziyu zamazwe angaphandle futhi izocela ulwazi emithonjeni yemininingo yamazwe ngamazwe efanele.

## 12.5 INcazelo Ejwayelekile Yezinyathelo Zokuvikeleka Kolwazi okufanele zisetshenziswe yingxene ebophezelekile ukuze kuqinisekiswe ukugcinwa ubumfihlo, ubuqotho kanye nokutholakala kolwazi.

I-SAQA inalezi zivikelo zokuphepha ezilandelayo ukuze kuqinisekiswe ukuvikeleka okufanele nokuphelele, ukugcinwa kobumfihlo kanye nobuqotho bolwazi lomuntu siqu:

- 12.5.1 Ukuvikeleka ngokubonakalayo kanye nokufinyelela okunemikhawulo kuyo yonke imibhalo equkethe ulwazi lomuntu siqu;
- 12.5.2. Ukphepha kwekhompyutha nenethiwekhi kusendaweni ngendlela yokubethela imininingo kanye nezixazululo zokulwa namavayirasi;
- 12.5.3 Ukugcina amarekhodi kuphela ezikhathi ezishiwo kwiNqubomgommo Yokugcinwa Kwamarekhodi;
- 12.5.4 Ukuqapha ukufinyeleleka kanye nokusetshenziswa kolwazi oluyimfihlo;
- 12.5.5 Inqubo yokwenza izivumelwano neyomsebenzi ipheleliselwe kubasebenzi abaqeqeshwe nge-POPIA futhi kunezinyathelo ezikhona zokugcina ulwazi luyimfihlo futhi luvikelekile;
- 12.5.6 Inqubo yophenyo ikhona mayelana nokusetsheniswa okungafanele kwemininingo futhi ubungozi be-POPIA bulandelelwa kwiRejista Yezingozi ukuze kubhekwanne nezigameko zokuphepha.

## **13 UKUTHOLAKALA KWEMANUWALI**

13.1 Le Manuwali itholakala ngezilimi ezintathu ezisemthethweni ezilandelayo-

13.1.1 English

13.1.2 IsiZulu

13.1.3 I-Setswana

13.2 Ikhophi yale Manuwali noma inguqulelo yayo ebuyekeziwe, iyatholakala futhi ngale ndlela elandelayo-

13.2.1 On <https://www.Saqa.org.za>

13.2.2 ekomkhulu lohlaka lukahulumeni ukuze ihlolwe ngumphakathi ngamahora ajwayelekile okusebenza;

13.2.3 kunoma yimuphi umuntu ngesicelo nangemva kokukhokhwa kwemali enqunyiwe efanele; futhi

- 13.2.4 kuMlawuli Wolwazi uma ucelwa.
- 13.3 Imlali ekhokhwayo yekhophi yeManuwali, njengoba kulindelwe kwisixhumelo B seZimiso, izokhokhelwa ikhophi ngayinye eyenziwe yobukhulu obungu-A4.

#### **14 UKUFAKWA KOLWAZI OLUSHA KUMANUWALI**

I-SAQA, uma kunesidingo, izobuyekeza futhi ishicilele le Manuwali minyaka yonke.

**Ikhishwe ngu-**



---

**Nks. Nadia Starr**

**(IsiKhulu Esingumphathi Omkhulu)**